Isolezwe 14 October 2020 page 4

# Banexhala ngezindlu ezingaqedwa

**SABELO NSELE**

KUNOKUKHATHAZEKA ngokuthi izigidi zamaRandi ezabelwa uMasipala waseMsunduzi ukuba wakhele abahlala emjondolo izindlu, kungenzeka ukuthi zakhwatshaniswa njengoba sekuphele iminyaka engaphezu kwemithathu kumile ukwakhiwa kwezindlu.

Abahlali eMalahleni, eWoodlands, sebezwakalise ukukhathazeka njengoba ingekho inqubekela phambili ezindlini abakhelwa zona endaweni eseduze iSite 11.

Bathi basabela ukuthi bangase bazithole sebengenamakhaya uma lezi zindlu zingapheli ngokushesha njengoba kunomyalelo wenkantolo ogunyaza ukuthi badilizelwe imijondolo yabo njengoba yakhiwe emhlabeni weTransnet. Inkantolo ephakeme eMgungundlovu yakhipha umyalelo wokuthi laba bahlali basuswe kule ndawo njengoba iTransnet isezinhlweni zokuyisebenzisa.

Ngo-2017 uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal neTransnet, banikeza lo masipala izigidi zamaRandi zokuthi kwakhelwe laba bahlali abangu-113 izindlu. Kwagcina kwakhiwa izindlu ezingaphezu kuka-200 ngesikhathi lolu hlelo luqala ngo-2017.

Eziningi zalezi zindlu zama zingakafakwa uphahla kanti lezo ezase zifakiwe, kazisenalo, ama-tiles esentshontshiwe. Ezinye zalezi zindlu seziphenduke isizinda sezigebengu.

Abe*Solezwe* bazibonele ukuthi amanye amagumbi anezingubo zokugqoka nezokulala, okukhombisa ukuthi kukhona abalala khona. Elinye lamagumbi lize lafakwa umata phansi.

Ilungu lomphakathi elisekomitini elibhekelle ukwakhiwa kwalezi zindlu, uMnuz Zimisele Zuma, lithe sebezame kaningi ukuthola izimpendulo kumasipala kodwa abasizakali.

"Sizithola silahliwe. Akekho umuntu osinikeza izimpendulo eziqondile. Izindlu ziyaqaqwa, amaphara alala khona. Kwenziwa ucansi nobugebengu laphayana. Angazi ukuthi iyiphi into elindiwe ukuze kuqedwe leziya zindlu."

Elinye ilungu lekomiti, uMnuz Sandile Ntombela, lithe okubakhathaza kakhulu wukuthi bahlala esimeni esingagculisi ekubeni imali yakhishwa ukuthi bakhelwe izindlu.

"Izingane zidlala odakeni lapha, zithola izifo. Njengoba kubhoke igciwane iCorona, besishunyayezwa ngokuhlanzeka kodwa bayasazi ukuthi sihlala ngaphansi kwaziphi izimo njengoba besitshela ngokuhlanzeka."

Okhulumela uMasipala uMsunduzi, uNksz Thobeka Mafumbatha, uthe uhlelo lokwakhiwa kwezindlu lwaphazamiseka emva kokuthi izakhamuzi zalapho kwakhiwa khona zibhikishile, zathi ngeke zivume kuzohlaliswa abahlali basemjondolo eduze kwazo.

UNksz Mafumbatha uthe umsebenzi wabuye waphazamiseka ngemva kokuthola incwadi eMnyangweni wezeMvelo KwaZulu-Natal, eyayithi akulandelwanga imigudu ngesikhathi kuqalwa ukwakhiwa kwalezi zindlu.

"Ngokubona ubungozi, sanquma ukuxosha usonkontileka. Sisemizameni yokuthola inkontileka entsha."

Okhulumela uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natal, uMnuz Mbulelo Baloyi, uthe kungumsebenzi womasipala ukuhlinzeka ngabaqaphi kulezi zindlu.

Isolezwe
14 October 2020
Page 4